D MOSS

UMNYANGO WEZOKUHLELWA KWEMVELO NOKUVIKELWA KWESIMO SEZULU
DEVELOPMENT PLANNING ENVIRONMENT & MANAGEMENT UNIT
ECONOMIC AND DEVELOPMENT PLANNING CLUSTER
UMASIPALA WASETHEKWINI

I-D'MOSS NJENGENGXENYE YEZINHLELO ZOKUSETSHENZISWA KOMHLABA
IMIBUZO EJWAYELE UKUBUZWA

Q1. Umeleni u D'MOSS?

A. Isifingqo uD'MOSS simele amagama athi Durban Metropolitan Open Space System.

Q2. Ngabe luyini uHlelo Lwezindawo Ezivulekile ZikaMasipala weTheku (Durban Metropolitan Open Space System) noma i-D'MOSS?

A. I-D'MOSS iwuhlelo lwezindawo ezivulekile ezixhumanayo ezingaphansi kwabanikazi abazimele, ezingaphansi kukahulumeni nezisezindaweni zamakhosi, kuwona wonke umasipala, okungaba izindawo eziyimifula nemihosha nezindawo eziningi ezinezihlahla nezitshalo, amahlathi nezindawo ezingamaqele ezikhona endaweni engaphansi kukaMasipala waseThekwini. Isiza ukuvikela imvelo etholakala kulezi zindawo okungaba yizihlahla noma izilwane ukuze zongelwe isizukulwane samanje nesizayo. Kulinganiselwa ekutheni izindawo eziningi ezingena ngaphansi kwe-D'MOSS angeke zikwazi ukuba kwakhiwe kuzona kulethwe intuthuko ngenxa yokuthi ziyizintaba, imigede, amachibi, njalo njalo. Le ndawo iphinde ifake izindawo eziphazamisekile lapho imvelo incane khona kodwa ibalulekile ngoba ihlinzeka ngezinto eziwusizo, njengemisele yemvelo elawula amanzi emvula, nezindawo ezivimbela izikhukhula kwizakhamuzi zeTheku. Uma lezi zindawo zemvelo zingaphela uMasipala ungaphoqeleka ukuba usebenzise izigidi minyaka yonke usiza umphakathi ezimweni zezulu ebezikade zingagwenywa ukuba imvelo ibinakekelwe. Umsebenzi owenziwa yimvelo engaphansi kohlelo lwe-D'MOSS mahhala eThekwini ukuvikela umphakathi ezinhlekeleleni zesimo sezulu ulinganiselwa ekutheni ungaba u-R3.1 billion ngonyaka.

Q3. Iyini imvelo ehlukahlukene (Biodiversity)?

A I-Biodiversity noma '*okuphilayo okuhlukahlukene'* kusho izinhlobonhlobo zezinto eziphilayo ezivela kuyona yonke imithombo okubandakanya, phakathi kokunye, okuphila endle, okuphila olwandle nokuphila emanzini nezimo zempilo okuyingxenye yazo; okubandakanya uhlobo lwehlukene lwezinhlobo zokuphilayo nemvelo okuphila kuyona. Kungasho futhi umhlaba wonke noma kusho indawo ethile ekhonjiwe.

Ziningi izincazelo zakhona kodwa uma ufuna incazelo ethe xaxa ungavakashela kule website:-

http://www.wwf.org.au/our_work/saving_the_natural_world/what_is_biodiversity/
https://www.cbd.int/convention/articles/default.shtml?a=cbd-02
http://en.wikipedia.org/wiki/Biodiversity

Q4. Luyini usizo oluhlinzekwa yimvelo?

A. Usizo oluhlinzekwa yimvelo wusizo lwamahhala esiluthola emvelweni njengokusisiza ekulawuleni amazinga omoya esiwuphefumulayo (njengokudonsa isisi i-Carbon Dioxide emoyeni), ukulawula isimo sezulu (njengokupholisa izindawo ezithile ngokwakha imithunzi), ukugwema ukuphazamiseka kwenhlalo, ukulawula amanzi (ukukhalima amanzi emvula nokuvikela umhlaba ekugugulweni yizikhukhula), ukunyanga udoti, ukuhlinzeka abantu ngamanzi, ukuvikela inhlabathi ekugugulekeni, ukulumbanisa izimbali ngokwemvelo, ukuhlinzeka izilwane nezihlahla ngendawo yokuphila, ukuhlinzeka ngendawo yokukhulisa izithombo, ukudla, izinsiza zokwakha, izinsiza zolibofuzo, ukuthola amakhambi, okokuhlobisa, okusetshenziselwa amasiko nobuciko, okolwazi lomlando nesayensi nokufundisa.

Q5. Ngabe uMasipala unalo igunya lokushaya imithethonqubo yokuvikelwa kwemvelo endaweni engaphansi kukaMasipala?

A Isigaba 24(b) soMthethosisekelo sinika wonke umuntu ilungelo lokuhlala endaweni evikelekile ukuze kukwazi ukuba kuphile kuyona nezizukulwane ezizayo. UMasipala ukwenze lokhu ngokuthi afake uhlelo lwe-D'MOSS ezinhlelweni zakhe zokusetshenziswa komhlaba. Ngo 2014, iNkantolo ePhakeme eMgungundlovu yaliqinisekisa ilungelo likaMasipala lokushaya imithetho ephathelene nezinhlelo zakhe zokusetshenziswa komhlaba ikakhulukazi uma kukhulunywa nge-D'MOSS. Lokhu kuphinde kwaqinisekiswa umthetho i-Spatial Planning and Land Use Management Act, 2013 (uMthetho No. 6 ka-2013). Imigomo yentuthuko yalo Mthetho ihlinzekela ukuhlonishwa komgomo wokongiwa kwemvelo ngokuthi kuqinisekiswe ukuthi '*kunokuhambisana ezinhlelweni zokusetshenziswa komhlaba nezokongiwa kwemvelo*'. Isigatshana 25(1)(d) sithi lapho esigunyaza khona ukulandelwa koHlaka Lwentuthuko Ngokwezindawo, uhlelo lokusetshenziswa komhlaba kumele lukhuthaze phakathi kokunye '*ukungonakaliswa kwezinsiza zomphakathi zezempilo, zezemvelo nezendalo*". Ngakho-ke, bekubalulekile ukuthi uMasipala, ngohlelo lwe-D'MOSS, aqikelele ukuvikelwa kwemvelo.

Q6. Kungani i-D'MOSS ifakwe ngaphansi kwezinhlelo zokusetshenziswa komhlaba yangashiywa iyinqubomgomo ezimele yodwa njengaphambilini?

A Ukukwazi kukaMasipla weTheku ukusebenzisa i-D'MOSS njengenqubomgomo yoMkhandlu kunqindekile ngoba uMasipala ubungenawo amandla ngokwemithetho onawo uma kuqhathaniswa namandla onawo ngaphansi kwezinhlelo zokusetshenziswa komhlaba. Ngesikhathi i-D'MOSS isetshenziswa njengenqubomgomo ezimele ezinhlelweni zokusetshenziswa komhlaba, abanikazi bomhlaba nabanye abathintekayo bebengazi ngokubaluleka kwemvelo ezindaweni ezithintekayo noma ezingxenyeni zazo kuze kube bafaka izicelo zokwakha kulezo zindawo futhi emva kokuba sebekhokhe izimali ezinkulu zalezo zicelo. Njengohlelo lokuhlinzekela ukusetshenziswa komhlaba, kuzoncipha ukungabaza nokungqubuzana obekukhona nge-D'MOSS ngoba isivikelwe ngokomthetho. UMasipala ukholwa ukuthi lena iyona ndlela engcono.

Q7. Ngabe i-D'MOSS iwumhlaba oklanyelwe ukusetshenziselwa okuthile, uma kungenjalo, ngabe iyini futhi lokhu kusho ukuthini?

A. I-D'MOSS iyimigomo eyeleka leyo lowo mhlaba ongaphansi kwayo oklanyelwe kona. Yindawo elawulwayo okungathi nakuba ingaphakathi komhlaba oklanyelwe ukuba usetshenziswe, yona ingasetshenziswa ngaphandle kokuthi kutholakale imvume ekhethekile kuqala yezemvelo eqondene nayo noma igunya elivela eMnyangweni obizwa nge- Environmental Planning and Climate Protection Department kuMasipala weTheku, okuyimvume engakhishwa noma yenqatshelwe. Uma kwenzekile yakhishwa leyo mvume kuvamise ukuthi ihambisane nemibandela ethile yokuqinisekisa ukuthi imvelo nendalo etholakala kuleyo ndawo ayilinyazwa.

Q8. Kungenzeka ukuthi ngomuso i-D'MOSS ishintshwe ibe umhlaba oklanyiwe?

A Akukho nhloso ekhona yokushintsha i-D'MOSS ekutheni ibe yindawo elawulwayo. Kodwa-ke kungenzeka ukuthi ngomuso kube khona lezo zigameko ezimbalwa lapho kuyoklanywa khona imingcele ecacile kulezo zindawo ezinemvelo ezwelayo, kanti lezi zindawo ziyobe seziklanywa njengezindawo zokongiwa kwemvelo lapho kuhloswe khona ukuthi lezi zindawo zibe yingxenye mhlawumbe yezindawo zokonga imvelo noma uma lezo zindawo zizoshiywa ezandleni zabanikazi abazimele kodwa zivikelwe ngokuphelele ekutheni kwakhiwe kuzona, zibe ngezokonga imvelo. Uma kwenzeka lokhu okushiwo kamuva kuyolandelwa uhlelo lomthetho nolokubonisana nomphakathi futhi umnikazi womhlaba angazuza okuthile ngalokho (bheka umbuzo 19).

Q9. Iklanywa kanjani indawo engaphansi kwe-D'MOSS ohlelweni lokusetshenziswa komhlaba?

A. Le ndima elandelayo icashunwe kwizincazelo zezinhlelo zokusetshenziswa komhlaba ezisebenza endaweni engaphansi kukamasipala waseThekwini:

*"**Indawo engaphansi kwe-D'MOSS"** kushiwo noma iyiphi indawo ekhonjiswe ebalazweni ngokugqanyiswa ngombala oluhlaza njengotshani (izindawo ezivela ngombala oluhlaza njengotshani kwi-GIS), lapho, ngenxa yemvelo etholakala kuzona, ukuba khona kwezimbali nohlaza, ukuma kwendawo, noma izinsiza zemvelo ezitholakalayo noma ezinye izizathu ezinjalo, kungeke kuvunyelwe ukuba kwakhiwe lutho kuzona, kungaba nemikhawulo ebekwayo uma kwakhiwa noma kungabekwa imibandela ehlose ukuvikela imvelo etholakala kulezo zindawo."*

Q10. Imiphi imikhawulo nemibandela yokwakha ebekiwe ezindaweni ezilawulwa ngokwe-D'MOSS ohlelweni lokuhlelwa kweDolobha?

A Lo mbhalo olandelayo ucashunwe ezinhlelweni zokusetshenziswa komhlaba kanti ukhombisa imikhawulo nemibandela ephathelene nokusetshenziswa kanjalo nokuthuthukiswa komhlaba ezindaweni ezivikelwe ngaphansi kwe-D'MOSS:

"a) Akukho muntu ovumelekile ukuba athuthukise umhlaba, noma ukuba ambe noma aqondise umhlaba, noma asuse noma iziphi izihlahla zemvelo noma akhe isakhiwo noma ngabe esanhloboni, noma alahle okuthile noma enze umsebenzi othile endaweni engaphansi kwe-D'MOSS (njengoba ichazwe esigabeni 1) ngaphandle kokuthola imvume kuqala eMkhandlwini ngokwalesi sigatshana.

b) Leyo mvume ngeke ikhishwe uma iNhloko yakwaDevelopment Planning Environment and Management, ngemuva kokuhlola ngendlela efanele, nangokubeka imibandela eyibona ifanele, ingakaneliseki ukuthi lokho kwakiwa kulowo mhlaba noma omunye umsebenzi njengoba kushiwo endimeni (a) ngenhla kuzokwenziwa ngaphandle kokulimaza, kokukhahlameza noma kokuba nomthelela ongemuhle esimeni semvelo noma izinto eziyimvelo ezitholakala noma eziqhamuka kuleyo ndawo ethintekayo.

c) Mayelana nokuhlola okukhulunywa ngakho endimeni (b), ofaka isicelo kumele, uma kucela iNhloko yakwaDevelopment Planning Environment and Management, alethe amapulani neminye imibhalo eyesekayo njengoba kungayalela iNhloko yakwaDevelopment Planning Environment and Management. INhloko yakwaDevelopment Planning Environment and Management inganquma ukuthi lawo mapulani nemibhalo ehambisana nesicelo kugxivizwe ungoti osemthethweni futhi obhalisiwe wezemvelo.

d) Imibandela ebekwe endimeni (b) ngasenhla ingabekwa ngenhloso:-

i) yokubeka imikhawulo mayelana nokuma kanjalo nohlobo lwesakhiwo;
ii) yokubeka imikhawulo ngobukhulu nokuma kwesakhiwo;
iii) yokunquma uhlobo lwempahla engasetshenziswa uma kwakhiwa leso sakhiwo;

iv) yokunquma ukubekwa kwesakhiwo nawo wonke amapayipi nemisele ephuma kusona;
v) yokwenqabela nokulawula ukumba kuleyo ndawo, ukwakhiwa kwemiGwaqo, izindlela nezinye izinto zasengadini;
vi) yokwenqabela noma yokulawula ukususwa kwanoma iziphi izihlahla zemvelo;
vii) yokulawula noma ikuphi okunye iNhloko yakwaDevelopment Planning Environment and Management ekubona kufanele.

Q11. Ngabe uMasipala uyawudla yini umhlaba wami futhi ngabe ngizosithola yini isinxephezelo ngenani lawo na?

A Cha, umhlaba awuzuthathwa ezandleni zomnikazi wawo. UMasipala awuwuthathi umhlaba. Nokho, unawo amalungelo okushaya imithetho ngokuthi yini okumele yenziwe noma ingenziwa kulowo mhlaba njengoba kubekiwe emqulwini wemibandela nemigomo yokusetshenziswa komhlaba kule ndawo. Ngakho-ke akukho sinxephezelo okudingeka sikhokhwe.

Q12. Lokhu kuyashayisana nesigaba 25 soMthethosisekelo waseNingizimu Afrika esiphathelene namalungelo omhlaba ngokuthi akekho umuntu okumele ancishwe ilungelo lokuba nomhlaba ngaphandle uma kulandelwa umthetho ngokuthi awukho umthetho ovumela ukwenqatshelwa kokutholakala komhlaba?

A. Cha, njengoba kuvela empendulweni yombuzo 11 ngenhla, umhlaba uyaqhubeka nokuba segameni lomnikazi wawo. Umnikazi womhlaba akaphucwa umhlaba wakhe. Umhlaba usengakwazi ukuthuthukiswa, kodwa kuyobekwa imibandela ethile ephathelene naleyo ntuthuko. Kumele kuqapheleke ukuthi Isigaba 24 soMthethosisekelo waseNingizimu Afrika sibeka ngokusobala ukuthi imvelo ibalulekile nokuthi wonke umuntu unelungelo lokuhlala ezimweni zemvelo ezingenabo ubungozi empilweni yakhe nenhlalakahle yakhe, kumele imvelo yonzelwe isizukulwane samanje nezizukulwane ezizayo; futhi kushaywe imithetho efanele ukunqanda ukungcoliseka nokonalakiswa kwemvelo, kukhuthazwe ukunakekelwa kwemvelo futhi kuqinisekiswe ukusetshenziswa ngendlela enokonga kwezindawo nezinsiza zendalo ngesikhathi esifanayo kubhekelelwa ukuthuthukiswa komphakathi nomnotho okufanele. Kususelwa kuMthethosisekelo, kwashaywa uMthetho kazwelonke No. 107 ka 1998 (NEMA) futhi okuyiwo ohlahla indlela ngokubanzi mayelana nalezi zinto. Noma imaphi amalungelo anqindiwe ngokwe-D'MOSS abhekisisiwe futhi kwenziwa izincomo ngalokho, awenzelwa nje ukuvimba abantu kodwa anezizathu ezinhle. Ukusebenza kwe-D'MOSS ezinhlelweni zokusetshenziswa komhlaba kwaqinisekiswa iNkantolo ephakeme ngo 2014 ecaleni elaliphakathi kuka **Le Sueur and Another noMasipala waseThekwini nabanye** (Icala No. 9714/11). Inkantolo yakuqinisekisa ukuthi omasipala banegunya lokushaya imithetho "*ephathelene nezindaba zemvelo ukuze kuvikelwe imvelo ezingeni lohulumeni basekhaya nokuthi ukuchitshiyelwa kweD'MOSS akwephuli umthetho noma akugxambukeli elungelweni likahulumeni wesifundazwe nokazwelonke lokushaya imithetho ephathelene nezemvelo*."

Q13. Kwenzekani uma kungavunyelwe nhlobo ukwakha kulowo mhlaba, ngabe sikhona isinxephezelo esikhokhwayo noma cha?

A Uma kwenzeka ukuthi kufakwe isicelo somsebenzi wentuthuko emhlabeni othile bese kuthi ekupheleni kokuhlaziywa kwesicelo kutholakale ukuthi angeke kukwazi ukuthi kwakhiwe kulowo mhlaba mhlawumbe oklanyelwe izindlu njengesibonelo, umnyango wakwa-Environmental Planning and Climate Management, uzokwenza isivumelwano nomnikazi womhlaba ukuze kutholakale izixazululo odabeni. Lokhu kungabandakanya ukuthengwa komhlaba kukhokhwa inani lomhlaba lasezimakethe. Kunemithetho nezinqubo okumele kulandelwe ngaphambi kokuthi kuvunyelwane ngenani.

Q14. Liyini iqhaza loMnyango wakwa-Environmental Planning and Climate Protection ohlelweni lokucutshungulwa kwezicelo zentuthuko?

A. UMnyango wakwa-Environmental Planning and Climate Protection ngegatsha lawo lakwa-Biodiversity Impact Assessment (BIA) uhlaziya zonke izicelo zokwakha emhlabeni othile ezilethwe kuwona yigatsha lakwa-Land Use Management. Lezi zicelo ngezezindawo ezingena ngaphansi noma ezingomakhelwane bezindawo ze-D'MOSS. Zihlanganisa amapulani okwakha, izicelo zezimvume ezikhethekile, izicelo zokuklanywa kabusha komhlaba, izicelo zokuhlukaniswa iziqephu komhlaba/zamalokishi noma izicelo zokwakha ezizeni lapho kwakhiwa izindlu eziningi okuhlongozwa ukuthi zakhiwe ngetayitela elihlanganyelwe noma endaweni enomnikazi. Igatsha lakwa-BIA lizohlaziya umthelela ongase ube khona emvelweni mayelana naleyo ntuthuko ehlongozwayo. Lokhu kuhlaziywa imvamisa kuba ukuhlaziywa kwamaphepha ehhovisi mayelana nomthelela ongase ubangelwe intuthuko ehlongozwayo emvelweni, kodwa kubhekwa kakhulu izidingo ezikhona ezithinta imithetho esebenzayo. Lezi zidingo ezingokwemithetho zingabandakanya, phakathi kokunye, isidingo sokuthi kwenziwe ukuhlaziywa ngokomthetho okuzokuba khona emvelweni ngokoMthetho Wokuphathwa Kwemvelo ka 1998 (uMthetho No. 107 ka-1998), noma imvume yokusetshenziswa kwamanzi ngaphansi koMthetho Wezamanzi kaZwelonke ka-1998 (uMthetho No. 36 ka-1998). Uma kudingeka ukuhlolwa komthelela kwezemvelo kwenziwa ngokubambisana negatsha lakwa-Biodiversity Planning. Ngemuva kwalokho, i-BIA ibe seyenza izincomo zokuthi isicelo samukelwe ngaphansi kwemibandela ethile noma sichithwe. Lokhu kube sekubuyiselwa emuva egatsheni lakwa-Land Use Management okuyilona elibe selazisa obefake isicelo mayelana ngesinqumo.

Q15. Ngabe uMkhandlu iwona olawula izindawo eziqokwe njengeze-D'MOSS?

A Ezikhathini eziningi akunjalo ngoba uMasipala awunawo amandla ngokomthetho okulawula umhlaba onabanikazi abazimele ngaphandle kokuthi ukhokhelwe umnikazi walowo mhlaba. Umhlaba kudingeka ulawulwe umnikazi wawo, njengoba bekunjalo nasekuqaleni. Zikhona izikhathi ezimbalwa lapho uMasipala engavuma ukulawula umhlaba othile onenkinga. Kodwa-ke, uMasipala uzama ngakho konke ukuthi eseke futhi eluleke abanikazi bemihlaba. Lokhu kubandakanya phakathi kokunye ukubacathulisa mayelana nokwakha uhlelo lokuphathwa kwemvelo (EMP) nokusiphula izihlahla zokufika.

Q16. Abanikazi bomhlaba abangabodwana abanalo ulwazi nobunyoninco bokuphatha izindawo ze-D'MOSS ikakhulukazi ezihlaselwe izihlahla zokufika (IAPs) okufanele zisiphulwe, ukushiswa njalo kwesikhotha ngenjongo yokuvuselela imvelo noma ukuvimba imililo yequbula,; ingabe lukhona usizo okungalindeleka ukuthi uMkhandlu uluhlinzeke ekulawulweni kwalezi zindawo?

A Umnyango wakwa-Environmental Planning and Climate Protection nowakwa-Natural Resources wakwa-Parks, Recreation and Cemeteries, unganikeza usizo oluthile. Mayelana nalokhu igatsha lakwa-Restoration Ecology ngaphansi komnyango wakwa-Environmental Planning and Climate Protection wakhe amaphepha okwazisa (Ama-"Fact Sheets"), nama "Flash Card" atholakalayo uma uwacela. Baningi futhi abasemkhakheni ozimele abangakwazi ukukuhlinzeka ngalokhu ongaxhumana nabo ukuthola usizo.

Q17. Umhlaba wami unezindawo ze-D'MOSS kodwa iningi lazo (noma zonke) zihlaselwe izihlahla zokufika. Kungani kunesidingo se-D'MOSS lapha?

A I-D'MOSS idingekela ukuvikela imvelo nendalo. Nakuba imvelo ehlukahlukene eningi edolobheni itholakala ezindaweni ezingakathintwa abantu, eziyimvelo, usizo oluningi olutholakala emvelweni lungaba khona ezindaweni ezingakathikanyezwa abantu nasezindaweni ezakhelwe abantu. Kulokhu kwakamuva, izibonelo zibandakanya ukubekwa kwenhlabathi ukugwema izikhukhula ezingagugula izakhamuzi, ukuhlanza amanzi ngezindlela zemvelo noma ukuhlela ukutshalwa kwezihlahla ezithile eziwusizo. Ezimweni eziningi lezi zindawo ziba wusizo lokuxhumanisa izindawo ezisesimweni esihle nezinhlelo ezinkulu ezisebenzayo. Imihlomulo eza nezinhlelo ezinkulu emvelweni iyaziwa kahle kanti

ibandakanya ukunciphisa ingozi ehlobene nokungazalani kahle kwezilwane nezihlahla kanjalo nokunciphisa izinkinga ezihlasela izindawo eziyikhaya lemvelo ezincane ezahlukene.

Q18. Ngabe izindawo zeD'MOSS kumele zibiyelwe?

A. Izindawo ze-D'MOSS akubalulekile ukuthi zize zibiyelwe zihlukaniswe nomhlaba ongathintekile. Kodwa-ke lokhu kungadingeka uma kuba khona ipulani yokwakha elethwe eMkhandlwini ukuze kwakhiwe okuthile kulowo mhlaba okungenzeka ukuthi uMkhandlu udinge ukuthi kubiywe njengengxenye yemibandela yokuphasiswa kwesicelo sokwakha. Ukuphasiswa kwaleyo ntuthuko kungenzeka kudinge ukuthi kulawulwe indawo ngokwepulani yokulawulwa kwemvelo (EMO) egunyaziwe. Kumele kuqapheleke ukuthi uma kwakhiwa kungenzeka ukuthi kufakwe uthango lwesikhashana noma udonga ngesikhathi kusakhiwa njengengxenye yesidingo sohlelo lokulawulwa kwemvelo. Lokhu kudingeka ukuze kuqinisekiswe ukuthi abasebenzi abakhayo abangeni ezindaweni zemvelo ezizwelayo noma balahle khona noma bashiye udoti wokwakha kuzona.

Kuyinto enconywayo ukuthi uma kunendawo egudle i-D'MOSS, leyo ndawo ingabiyelwa ngoba ukuyibiyela kuzophazamisa ukukhululeka kwemvelo nendalo nokusabalala kwezihlahla nezimbali.

Q19. Ngabe izindawo ze-D'MOSS azikhokhiswa ama-rate noma zithola isaphulelo?

A. Ezimweni ezejwayelekile, izindawo eziqokwe njengeze-D'MOSS azikwazi ukuthola isaphulelo sokukhokhiswa ama-rate. Kodwa-ke uMasipala usebenzisa uhlelo olufanayo lokukhokhisa kancane ama-rate izindawo ezine-D'MOSS, okusho ukuthi ama-rate akhokhelwa lezi zindawo mancane. Ukuze uthole isaphulelo sama-rate kubalulekile ukuthi ufake isicelo sokuthola isitifiketi sezemvelo ngokwesigaba 7.9 senqubomgomo yama-rate kaMasipala weTheku. Njalo ngonyaka uMkhandlu uphasisa inqubomgomo yama-rate entsha futhi ingahluka izikhathi ngezikhathi. Okwamanje le nqubomgomo ithi kumele kuthunyelwe isicelo eMnyangweni wakwa-Environmental Planning and Climate Protection esichazayo ukubaluleka kwendawo uma kubhekwa imvelo ekhona, ukuma kwayo, ngokuthi ivikelwe yini yimithetho, kanti uma kungenjalo, ukuthi umnikazi wayo uzimisele yini ukuyibhalisa njengendawo engeke isetshenziswe yokonga imvelo noma uzoklama ingxenye ethile yaleyo ndawo njengendawo yokongiwa kwemvelo. Kubalulekile futhi ukusho indlela okuphethwe ngayo lowo mhlaba uma ikhona ngokuthi lokhu kwenziwa ngokuhambisanayo yini nohlelo lokulawulwa kwemvelo (EMP). Kumele kuqapheleke ukuthi izaphulelo zama-rate zifakiwe enanini eliphansi elikhokhiswa izindawo ze-D'MOSS. Uma isicelo sesitifiketi sesaphulelo sama-rate omhlaba wezemvelo siphumelela, lokhu kungasho ukuthola esinye futhi isaphulelo kuma-rate.

Q20. Uma indawo ene-D'MOSS incane kakhulu futhi ingadingi ukuthi kuze kwakhiwe uhlelo lokulawulwa kwemvelo ukuze ngithole isaphulelo sama-rate, ngingakwazi yini ukuqhubeka nokufaka isicelo sesaphulelo sama-rate?

A Isigejane sabanikazi bomhlaba abangomakhelwane singazakhela uhlelo lokulawulwa kwemvelo endaweni, olubizwa nge-Environmental Management Plan (EMP) ezindaweni zabo ezixhumanayo ukuze bakwazi ukufaka isicelo sesaphulelo kuma-rate ngokuhlanganyela. Uma lokhu kungenzekanga, mancane amathuba okuthi uthole isaphulelo uma uhamba wedwa unendawo ene-D'MOSS encane.

---------- *O* ----------